# Ukhale ngeSimangaliso kowoMthayi



OMAMA besizwe saKwaTembe bephethe utshwala bamaganu eMkhosini woMthayi obungoMgqibelo

Izithombe: MTHOKOZISI MANQELE

**MTHOKOZISI MANQELE**
Ebika eseManguzi

INKOSI yesizwe saKwaTembe income igalelo loMkhosi woMthayi nokudlondlobala kwawo njengoba usuhlanganise iminyaka engu-19 wasungulwa.

Inkosi uMabhudu Tembe ibikhuluma ngoMgqibelo emcimbini osudume ngoMkhosi Wamaganu obubanjelwe eduze nesigodlo sayo, eMfihlweni, eManguzi.

"Lo mkhosi ubalulekile kithi njengabantu abampisholo ukuze sizitshengise thina imvelaphi yethu ukuthi sisukaphi, sikuphi njengamanje nokuthi siya kanjani phambili. Ayikho-ke enye into ethandwa ngezinye izizwe ngaphandle kokusibona sihlukene phakathi sinhlakanhlaka. Kubalulekile ukuthi sibumbane singakhohlwa ngokwakwenziwa ngobabamkhulu bethu," kusho uTembe. Uphinde wakhala ngokuthi isizwe sakhe sihlukunyezwa wuphiko lukahulumeni olwasungulwa ngo-1999 lokuvikela imvelo, Isimangaliso. Uthe amaphoyisa eSimangaliso adubula owesilisa wacishe washona ngoba bemfice edoba emfuleni abathola kuwo izinhlanzi zokuphilisa imindeni yabo.



INKOSI uMabhudu Tembe igqugquzele abantu ukuthi bangawakhohlwa amasiko abo ngesikhathi ikhuluma eMkhosini woMthayi

"Sibonga uJehova ukuthi amsindise lo muntu ngoba sesinobufakazi obuphathekayo bokuhlukunyezwa abeSimangaliso. Sicela boNgqongqoshe nisidlulisele kuNgqongqoshe u-Edna Molewa obhekelele ezeMvelo ngalesi simo," kusho inkosi uTembe.

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natal, uMnuz Sihle Zikalala ugcizelele ukuthi uhulumeni wesifundazwe oholwa nguNdunankulu Willies Mchunu uzoqhubeka nokuxhasa imikhosi yendabuko ngoba bahlonipha isizwe esibambelele kwimvelaphi yaso. "Sibuhlonipha kakhulu ubuholi bendabuko futhi amasiko siwahlonipha kakhulu. Sifuna ukubonga enkosini uTembe ngokugcina lo mcimbi ngoba isizwe esingawahloniphi amasiko aso akusizwe salutho. Labo abathatha izwe lethu basenza izigqila babecabanga ukuthi ngeke sisakwazi ukugcina amasiko ethu kanti bashaye eceleni. Ngesikhathi uhulumeni we-ANC uthatha izintambo zombuso wenza isiqiniseko sokuthi izwe ulibuyisela emakhosini yingakho noMkhosi Wamaganu siweseka," kusho uZikalala.

UNgqongqoshe wezoLimo, uMnuz Themba Mthembu, uthe umnyango wakhe uyazibophezela ekuthuthukiseni umnotho okhiqizwa ngamaganu.

"Ngaphandle kwefemu esesiyakhile ezokhiqiza imikhiqizo eyakhiwe ngamaganu, sizokwakha enye indawo yokugcina amaganu unyaka wonke ukuze ezotholakala njalo, angagcini ngokutholakala ngoFebhuwari kuphela. Sizohlangana namakhosi noMhlosinga Development Agency ngenhloso yokuqala uhlelo lokuthuthukisa ezolimo KwaMhlabuyalinga naseMkhanyakude ukuze kusimame ezomnotho kule ndawo ngokusebenzisa izitshalo," kusho uMthembu.

Umcimbi ubuhanjelwe yizicukuthwane ebezivela eSwazini, Mozambique, iziMeya nosaziwayo kwazise bekukhona nabaculi abebenandisa okubalwa kubo uMroza, DJ Bongz noFezile we*Sibaya*. Omunye wabantu abasha ocele singamdaluli uphakamise ukuthi kungaba kuhle kulo mkhosi uma kungaba nohlelo oluzocacisa ngokuthuthukiswa kwentsha kungagcini ngokuzophuza utshwala bamaganu.


## ARMED FORCES DAY
### 21 FEBRUARY 2017
### eTHEKWINI, KWAZULU-NATAL
**Moses Mabhida @ 10:00**

The annual Armed Forces Day will be hosted in eThekwini on 21 February 2017.

This event is the largest celebration on the SANDF calendar and will see thousands of soldiers, airmen and sailors, dozens of aircraft and military vehicles and several ships come to eThekwini to showcase our capabilities. The event is held each year to commemorate all those who have died in service to our country and to honour those who continue serving so that South Africa can be and feel safe.

Form part of the street view of eThekwini and salute our fellow men and women during this period of celebrations and military displays from 15 - 21 February 2017. The programme will include military capability displays, static display of 150 state of the art military hardware, career exhibitions and a military parade and an evening of military music and splendour, free fall demonstrations, hostage release situations and much, much more to come.

**ALL FOR FREE!**

*Armed Forces Day will be broadcasted on SABC 2 & SABC News (Channel 404) from 10am.*

| DATE | ACTIVITY | COMMENT |
|---|---|---|
| 16 - 21 FEB | Fan park activities. (Carreer Exhibition and Static Display) at Old Drive-In Theatre. | Fan park open daily from 09:00 until 18:00. 21 Feb Fan park closes at 14:00. |
| 18 - 19 FEB | SA Navy ships will open daily for the public at A & B Berth, NSRI Building, Point Waterfront. | Ships will be open from 09:00 to 15:00. |
| 18 FEB | SANDF capability demostrations at New Beach, Durban. | Starts at 10:00. |
| 18 FEB | Military Music Gala concert at Durban City Hall. | Starts at 19:00. Public is welcome to attend. For complementary tickets please contact : **060 554 8033.** Tickets limited to 500 people. |
| 20 FEB | Night shooting demonstrations by SANDF at Blue Lagoon. | Starts at 19:30. Public is welcome to attend. |
| 21 FEB | 2017 Armed Forces Day parade at Moses Mabhida stadium. | Starts at 10:00. Public to be seated at 09:30. |
| 21 FEB | SANDF capability demonstsartions at Blue Lagoon. | Starts at 14:00. Public is welcome to attend. |

defence
Department:
Defence
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA